Publication: Isolezwe (KZN)
Date: Wednesday, April 15, 2020
Page: 4

# Imiphumela emihle kubacwaningi ngothaqa

PHILI MJOLI

INGIZIMU Afrika ngeke ikwazi ukubalekela ukuthi igciwane iCorona lingene kubantu abaningi nakuba kuyisebenzele ukusheshe ifike esigabeni sokumisa ukwenziwa kwezinto eziningi.

USolwazi u-Abdool Karim, wesikhungo esicwaninga ngegciwane lengculazi iCaprisa oyingxenye yethimba elisiza uhulumeni ngokwenza ucwaningo ngeCoronavirus, uthe akulula ukuthi iNingizimu Afrika ikubalekele ukushaywa kanzima yileli gciwane yize okwamanje kuyisizile ukuthi isheshe ibe nezinhlelo zokuzama ukunqanda ukuthi igciwane lisabalale kakhulu ngoba lokhu kuyinikeze isikhathi sokuthi icwaninge ngaleli gciwane ibone ukuthi yiziphi izinhlelo engazenza uma indlela leli gciwane elisabalala ngayo manje ishintsha

Uthe selokhu kumisiwe ukwenziwa kwezinto eziningi kuleli isibalo sabantu abasha abangenwa yigciwane ngosuku asisakhuli ngezinga eliphezulu ebebelilindele kodwa lokho akusho ukuthi selinqotshisiwe.

"Indlela esetshenzisiwe yiNingizimu Afrika kwamanye amazwe ayizange isetshenziswe. Amazwe amaningi bekuthi uma esenabantu abangu-100 abanegciwane sande kakhulu isibalo ngoba leli gciwane liyathelelelana. Lapha eNingizimu Afrika abantu akubanga njalo ngoba kusheshe kwavalwa ukwenziwa kwezinto eziningi kuhlanganisa ukuvalwa kwezikole, ukuhamba kwezitimela, amabhasi nezindawo lapho kuhlangana khona abantu abaningi. Lokho kusebenzile kodwa ngeshwa akuchazi ukuthi sesinqobile. Uma kufika isikhathi sokuthi kuvulwe ukusebenza kwezinto eziningi maningi amathuba okuthi sibhekane nenkinga yokwanda kwabantu abatheleleka ngaleli gciwane," kusho yena.

Uthe lesi sikhathi sokumiswa kokusebenza bekunesidingo ngoba kunikeze abacwaningi ithuba lokuthi baqhamuke namasu okuthi bazobhekana kanjani naleli gciwane.

"Njengamanje sesiyazi ukuthi umuntu oyedwa angathelela abantu ababili kuya kwabathathu ngaleli gciwane nokuthi angakwazi ukulidlulisela kwabanye abantu emasontweni amabili kodwa into ethanda ukuba yinselelo ukuthi izimpawu zalo kuyenzeka zibonakale evele esenabantu abathelele. Inkinga ekhona wukuthi umvikela kanjani omunye umuntu ube nawe ungazi ukuthi unalo yini igciwane. Into ebibalulekile ukuthi leli gciwane lingasheshi lifinyelele ezindaweni ezicinene eziseThekwini, eGauteng naseCape Town lingakabikhona isu lokuthi kuzokwenziwa njani uma lifika khona ngoba sibalekela ukuthi kube nenqwaba yabantu abadinga ukuthi balaliswe ezibhedlela ngoba iNingizimu Afrika ngeke ikwazi ukumelana nomthamo omkhulu wabantu abadinga ukulaliswa ezibhedlela," kusho yena.

Uthe njengamanje kunabasebenzi bezempilo ababalelwa ku-28 000 abahamba ezindaweni ezisemakhaya bebheka iziguli okungenzeka ukuthi zinaleli gciwane ukuze libanjwe lingakabi nawo amandla.

"Umgomo noma imishanguzo yokwelapha leli gciwane njengamanje ayikabi khona. Kuzothatha izinyanga eziningi ngaphambi kokuthi kube nemishanguzo noma umgomo ngakho kumele sizame ukulikhathaza igciwane lingakabi nawo amandla.

"Kodwa kuzomele kukhumbuleke ukuthi ngesikhathi sikhipha imiphumela kusuke sekuphele amasonto amabili otholakale enalo limhaqile," kusho yena.

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.